Uma uyise wamaphahla enamandla, waeye ahla6e izinkomo ezimbili, enye ku6e ngeyelinye, enye ku6e ngeyelinye enzela imbeleko yawo. Uma engenazo izinkomo-ke ahla6e izimbuzi ezimbili. Awanqwambise ngemisweswe yesikhumba esiseleyo sisikwe sithungwe izimbeleko zawo.

Imithi kayidli amakhosi (amawele amap.ahla), Umuthi wawo wawumunye. Kuyimpepho ayenganukiswa zinyamazane ayathunqiselwa nje ngempepho ku6e kuphela. Noma ehliwa
4 ngumkhuhlane athunqiselwe ngempepho, abhojwe ngayo, aphuziswe yona, agezwe ngayo kuphela a6eselulama.

Unina wamakhosi uma esenonina, athathe elinye aliyise kunina uku6a ~~axx~~ amondlele lona lize likhule, enzela ukuwahlukanisa ukuze kunga6i 6ikho ukufudumala komkhuhlane. Naye uma ligula, eme ngayo impepho. Kuthi uma umkhuhlane umphikelele, a6eselethwala alilethe kwelinye ngo6a asuke ekhumbulene, nje ngo6a ingalathi yawo iyinye.

Kwesinye isikhati a6onane qede aphile. Kucikiziswe njalo aze akhule.

Njengo6a niyazi-ke ukuthi ingane encane ayifulathelwa
5 ngunina uma kulelwe. Kungumkhu6a ukuthi ingane unina kabheke ngakuyo. Kuthi nxa efuna ukuphenduka, ayiphendule, ku6e yikhona naye ephenduka. Uma eyifulathela, izofulathelwa am.dlozi ingalungi.

Emaphahleni-ke, yiliphi elizofulathelwa? Njengo6a uma ebheke ngakwelinye ulifulathele elinye? Alikho elifulathelwa-yo. Kuye kuthi unina alale ngomhlana. Enye ingane ilale ngakolunye uhlangothi nenye ilale ngakolunye. Uma sezincela nenye incele elinye nenye incele elinye i6ele.

Kwesinye isikhathi ayephila omo6ili kepha kwakungavamisi uku6a ap.ile omo6ili. Kuthi-ke uma ep.ile omo6ili kuthiwe elikhula ngelincane. Eliphume muva ngelikhulu. Kuthi uma
6 unina e6ala izingane zakhe, wona awa6ale enjengamuntu munye.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 297 K13/27

Kuthi-ke uma elinye lifile lingakhalelwa, lingazilelwa. Limbelwe ekhaya ukuze kuthi uma leli elisaphila lidutshulwa umkhuhlane, liye kogezelwa ethuneni lelinye ngempepho.

Futhi-ke uma kugula elinye, nelinye liyagula. Kwesinye isikhathi uma kufa elinye nelinye liyafa. Abaniniwo ba babekhathala kuhlaba beshweleza kwabaphansi. Kwesinye isikhathi njalo baphumelele.

Isilima besingabulawa neze kwaZulu. besiyekwa nje uma sezelwe ekhaya kuthiwe kuchume inzalo.

Njengombila nje, uma insimu ichumile ibonakala a
7 ngokuba kube khona isiwumba (omunye umbila okuthi esikhundleni soba kube khona isikhwebu, kube yimpuphu emnyama phakathi kwamakhasi). Isiwumba-ke yisona silima sombila.

Nabantu babeye bazale baze bazale nezishaywa. Kuthiwe asingahlekwa isilima ngoba uma usihleka uyosizala. Kepha zaziyekwa nje zingabulawa kuthiwe kuchume inzalo--njengoba nani nake nezwa nje ukusinda kukaMpande la uDingane efuna ukumbulala yathi induna ayexoxa nayo, "Muyeke Nkosi, musukumbulala, yisilima sakwenu." Wasinda njalo uMpande waa wazala wagcwalisa umuzi. Wayenomzimba omubi umdlavuza.

Kwakuyekwa nje nokuhlala kugxaza amathe kunganakwa.

8 Ukuphinga

Kwakungandile kangaka ukuphinga kuqala, ngoba amadoda ayelwa izimpi wawungafuneki umlaza. Nakumkhakhe umuntu wayehamba kancane. Kungathandeki ukuba umuntu azingcolise a kakhulu ngomuntu wesifazana ngoba bekwaziwa ukuthi afuneki amehlo amnyama empini.

Kepha-ke akhona amaxhwele njengakugwayi akhona amaxhwele. Nasesifazaneni zazikhona izelelesi ezeqa umthetho impela. Nasenyameni ayekhona amakloza enyama.

Kwakuye kuthi uma indoda ibanjwe nomfazi womuntu babanjwa abaze babanandlela yokubaleka, baqongqwe indoda nomfazi lowo abanjwe naye.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

KwaZulu, kudala, omunye umloɓokazi ukaGoɓa, ethanda
9 indoda, umfowaɓo myeni wakhe, ephinga naye uma indoda yakhe ingekho. Kwahamba kwahamba yasola indoda.

Kuthe ngelinye ilanga yaɓopha isigqiki sayo necansi yahamba yathi iyoɓuya esonteni elilandelayo. Wasetshela isoka leli lakhe-ke uKaGoɓa wathi lize lifike lapha kuswelela ngoɓa indoda ihambile.

Usehamba umyeni eɓuya mashona ngalo lelolanga engena endlini kwakhe ehlala nje evala emnyango.

Sekuthi emva nje kokufika komyeni, la kuqundeka amehlo nje, selizwakala isoka emnyango, lithi, "KaGoɓa, kaGoɓa, vula." Isivula indoda. Usengena. Isimemeza aɓafowaɓo ɓeyivimbezela, ɓeyiyisa kumnumzane. Selisha njalo icala. Sekufunyaniseka
10 ukuthi lendoda iyamphinga impela ukaGoɓa la inokumthola. Kwasekusoleka nje. Kwathi-ke umnumzane la eyiɓuza ukuthi umfazi lo uyayithanda yini nokuthi yameshela yini, yavuma ukuthi umfazi uyayithanda yameshela. Wayeseɓuza umnumzane ethi, "Wameshela kanjani umkamuntu naye amloɓola ngezinkomo ngoɓa emthanda?" Sathi isiphingi "Nami ngiyamthanda." Waɓuza umnumzane wathi, "Awunaye yini umkakho?" Sathi iselelesi, "Nginaye kodwa kangenelisi."

Sekuɓuzwa kumloɓokazi, ukaGoɓa, kuɓuza umnumzane, uyise wendoda yakhe, ogama lakhe kwakunguSokufoca Maziɓuko. UseɓUza ethi, "KaGoɓa, lendoda uyaphinga nayo na?" avume ukaGoɓa. Aɓuze umnumzane ukuthi, "KaGoɓa, uyayithanda yini lendoda?" Avume umloɓokazi.

11 Aɓeseɓuza umyeni wakhe ukuthi usemalile yini, athi kamalanga. Athi umnumzane, "Pho, uye wenzenjani?" Athi, "Ngiɓathanda ɓoɓaɓili."

Lulahla iselelesi icala kwathiwa kasimhlawule ngenkomo umloɓokazi womuntu.

Kwakhuzwa umhlolo phakathi kwezwe. Naye umnumzane walinquma ngokuthi uma ɓeke ɓaphinda ɓagila umkhuɓa phakathi komuzi, uzoya koɓaɓika enkosini ɓaqonqwe ɓoɓaɓili.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umlo6okazi, uka6onakele Shazi, emithiswe yinkengane, inyembane, limelapha, akushiwongo nokuthi wemitni kwathiwa uyagula.

Kwathi noamj amakhosikazi amadala akwaShazi esola emsola
12 kwesa6eka nokuphakamisa. Kwathi nomyeni wakhe wam6ona sihlala, ngo6a phela amanye amadoda akwazi ukum6ona umuntu ephuma naso endlini. Kutne uku6a am6one amsole, wamexwaya ka6e esem6iza, kepha kaze amoabhasa.

Zahamba izinyanga zahamba izinyanga, zaze zeqa isandla manje. 6aqala a6antu 6amkhomba ngezithupha 6enyenyeza. Naye umyeni wakhe wamgwemela emhlekisa nje ngamazinyo. Kanti naye use6ange ngokuthi uyoqhamuka "uNgiyosho Ekhaya."

Kwa6a yisimanga j nje6o kwaNgenetsheni. Kepha wathi lapha esezala, loku kwakungashiwo ukuthi wemithi kwakuthiwa uyagula, kwa6izwa izalukazi. Zithe uku6a zifike izalukazi,
13 zam6amba. Wayesethethe umlo6okazi, esethi, "Yikhipheni phela leyongane yenu, ni6e ningethuka. Mamo! Phulukungqu inyembane, selifile.

Usezidela evuma. Seku6ikwa kumntwana. Usenikwa amakhosikazi, eya komephula eMlanlaeweni, kwaphela ngako loko.

Uma umuntu ephingile wayedelela kakhulu. Edelela indoda yakhe edelela inkosi yakhe efuna ukwenza umswazi lapha kuphuma izimpi. Ethanda ukwenza amehlo amnyama emadodeni--izinsizwa-- lapha qiya empini. Kanti empini awufuneki umlaza. Kufuneka a6antu a6ahlambululekile. Owesifazana wayengavunyelwe neze uku6a edelele.

Umlo6okazi uKaqambashi Dlodlo, ende uNda6uko, kwadla izinkomo ensimini yakhe. Umlo6okazi useshaya umfana.
14 Umfana use6aleka eye engena le kukhona inkosi, umyeni wakhe. Usembandela umlo6okazi eye emshayela ngaphambi kwenkosi. Mamo! Inkosi yegcwalelana kuhle komfula ungenisa. Usetshelwa kuthiwa kaqoqe okwakhe. Usethathwa yizimpisi ziya komqongqela eweni. Zimkhalakathisela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 297

Kuthe lapha sezimthatha izimpisi wayesethi qa, ake ningimele. Ngisalinde intombazana yami, isaye kotapha i6umba. Nempela zalinda izimpisi, yafika intombazana. Unina wayeseyi6ophela icansi lakhe, nezingu6o, isithwala-ke. Se6efika qede eweni xxx se6emqongqa umlo6okazi 6emkhalakathisela eweni. xxx Se6ethatha icansi nexingu6o entombazaneni 6eziyelisela nazo. Isizi6uyela nje ingane ida6ukile

15 ingasenanina kepha ingenakukhala, funa nayo i6ulawe uma ikhalela isiphoxo eseqe umthetho sashaya ingane kanti i isi6aleke yangena eNkosini.

UkaNodlela eMgazini, u6anjwa nomfowa6o ndoda yakhe. 6a6anjwa oqotsheni. 6akhumule bho. Umfazi isidwa6a x usi6eke phansi. Indoda ibheshu lonke nesinene salo ku6ekwe phansi. 6apheqa amehlo kuphela. 6aphezu kwawo umse6enzi wa6o lo wokuphingana. A6asazi nanyaka ukuthi kwakhiwe, kukhona a6antu.

Kuthe kusenjalo waqhamuka umyeni woKaNodlela. Uqhamuka lapha esazenekile ukaNodlela, elele amanqeshane emgi6ele ngaphezulu umnewa6ondoda yakhe. Se6ethi 6ezwa

16 se6ezwa nje indoda yokaNodlela isikhuza ilumbo, se6egxuma 6enlukana. Isi6aleka indoda lisala ibheshu esikhundleni. Nomfazi usevuka e6aleka, sisala isidwa6a.

Umyeni lo usethatha ibheshu nesidwa6a useqonda kumntwana useyilanda inda6a yonke kuye. Umntwana usekhipha induna ihamba nomyeni, lo 6eyo kothatha u6ufakazi, 6e6onisana isikhundla lapha 6e6elele khona 6e6onisana nalapha 6ekuhlezi khona ibheshu nesidwa6a.

Isi6uya na6o u6ufakazi induna. Umntwana esethi ka6alandwe 6o6a6ili. Se6elandwa 6efika 6evuma ukuthi 6ayalalana. Seku6uzwa owaqala lendlela. Sekutholakala ukuthi ngumfazi lo owagolomba indoda, wathi kayimsize ngo6a

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

17 indoda yakhe kayimdelisi imyeka engakadumali. Futhi kayim6izi iqa6uka nje im6izile. Kuthi no6a im6izile isheshe imyeke enyakadeli yena.

Kulawomakhulumo a6o 6o6a6ili, ke 6aphingana-ke.

Use6anjwa umfazi e6oshwa imilenze ngezinqotho, 6emeneka. Se6ekha inhla6a (njengokuyalwa kwa6o umntwana) 6emkhuhla khona lapha ngaphambili kokwakhe loku a6eganga ngako, ngo6a nako uyalunywa. Wakahala wakhala umfazi, emphethe amadoda emkhuhla ngenhla6a, wakhala waze wafa esekhalisa okwesilwane, e6oshwe ngezinqotho.

59

Intombazana kaMhulugwane umfo-kaMaphitha Nda6ezitha,

18 yoniwa yisoka emfuleni liyiphoqa yakhala, yayo6ika kuyise. Nesoka, uNdleamlomo, nalo, la6aleka kalaze laya ekhaya. A6aku6o ntombi 6ayiqhu6e 6ayiyise ku6o kasoka. Ihlolwe. Ifunyaniswe ingonakele futhi ingemithi, kepha eyiphoqile.

A6esethwala icala-ke uyise womfana, engena esi6ayeni eshaya inka6i enkulu leyo ezokhethwa a6azo6ika intombi le ephoqwe yisoka emfuleni, ayihlawule ayithi du ku6afowa6o.

6ase6eyiqhu6a inkomo, 6eka 6efika 6eyi6ulala emfuleni 6ekhipha umswani 6egeza ngawo, 6ayishiye phansi 6ahambe 6aye ekhaya.

Enye yemithe kepha ingonakele. Kuthiwe kwehlele ithonsi. Isithwalwa ngoyise njalo, 6eya koyiganisa ekhehleni a6alethembile ngo6a yenze umhlolo ongenziwa ezweni ngo6a

19 inxa njalo intombazana yemithi kwakungumhlolo.

I6ike, kukhulunyelwe phansi, ku6e zethukiwe. Ku6e sekusuka izinsizwa ziya kovimbezela, zi6ulale gula linamasi, ziphuhluze. Zikhethe inkomo e6ukeka kunazo zonke esi6ayeni, ziyishaye, iphume ngesango. Ezinye zi6ezeqz uthango zigijima

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ziqonda kulezo eziqhuba inkomo.

Kube ukuba zifike nje emfuleni ziyigwaze, qiyiqhaqhe xixi zikhiphe inyongo zizithele ngayo zishiye inyama idindile, zihambele. Sekoze kuqhamuke izalukazi ezingasazali ziye kozidlela inyama leyo.

60

Amantombazane wona ayeye aqonde esokeni ehlubule ncwe. Ngoba liwethukile, lawenza umfazi walo. Afike ephophoza
20 izinyembezi, ethukuthele ephelele acishe ukuzithathele esokeni. Nalo linyobozele impela. Lifike esibayeni lishaye imbuzi enkulu.

Ayitnathe aye nayo emfuleni ayigxobe ize ife, ngamatshe. Akhiphe umswani, ageze ngawo, asuke ahambe ashiye phansi inyama.

Kwasho indoda uJwaphuna Mbatha, wathi, "Sasazi ngani ukuthi amantombazana ayamitha? Abafana abasahlobongi, sebephisela nje."

Usho njalo nje uJwaphuna ungenelwe yicala. uFokothi umfana wakhe ungene necala. UPhoqe intombi yakwaNdabezitha emfuleni. Intombi yakhala yaze yafika kubane wabo ekhaya.
21 Zawufohla umuzi wakwaMbatha izinsizwa zakwaNdabezitha, zeqa x izintango. Zathukuthelela pakathi ezakwaMbatha izinsizwa, zingasenakuthini, zonile. Yilapho-ke la kwakhulumela khona ikhehla, uJwaphuna Mbatha, ekhuluma lamagama.
62. Ubufebe lobu obukhulu ezweni bufike nabelungu. Kanye nobuqili bxxixbx besibindi esibi, nemithi emibi yokuba intombazana yonakale qede ifune umuthi ikhiphe isisu.

63, 64.

Kwakungekho loko kwamahamba ehlala ngoba zazihlolwa. Leyo emekezileyo iyabonwa, kuyiwe kubo kasoka, kuya abanewabo ntombi nezinsizwa zakubo ziya kolanda isephulo nenkomo kanina, umqhoyiso. Lenkomo xxx xxx yayilandwa ngenkani

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

22. ingacelwa. Ngo6a naye umfokazi uyidle ngenkani intombi wayimekezisa ewazi umthetho ukuthi awuvumile.

65

Yayimusho intombazana umuntu oyonileyo, naye engenakuphika.

Kanti futhi, kuqala impela, kwakuthi intombazana inomyeni olo6ola ngezinkomo, ku6e kukhona isoka eliyisigi6ekelo (isidekiselo) okuyilona lizovumuliswa-ke. Umyeni ku6e ngowezinkomo. Eze ngomthetho engoduswenі. Kuthi lapha efika kukhona isoka elincane, isigi6ekelo, li6aleke limhloniphe kakhulu.

Nalo lidle ngendlela, lihlo6onge impela lingamoni umntanomuntu neze.

Inda6a yesidikiselo ngizo6uye ngiyilande. Yinde kakhulu.

Uma onakele, wayesho impela kuvinjezelwe ku6o kamfokazi,

23 naye ithwalwe iyoganiswa ekhehleni elethembekile inraze izalele ekhaya. No6a yoniwe yisidikiselo isho no6a yoniwe ngumyeni isho, kodwa ku6e uyalile i6eseyethwalwa yendele kwa6anye. Kepha kungandile loko.

66

Phela kwakungakhulunywa nje nempela. Uma intombazana yoniwe ngumuntu noma 6evumelene, noma eyiphoqile, u6engayeneli. I6i6hwalwa iye kokwendiswa ekhehleni elethembekileyo. Kuthi lesosiphoxo esimpoqileyo, noma 6ehlelwe yingozi 6ethi 6ayahlo6onga-ke, sihlawule inkomo yesap ulo ezogwazwa zinsizwa zizigeze ngayo. Izintombi zilande imbuzi ziyigxo6e ife zikhiphe umswami zigeze ngawo. Isiphoxo leso futhi ~~six~~ sikhiphe inkomo yomqhoyiso

24. (ingquthu ) ngo6a siyimekezisile intombi sayenza indlela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lesi? ɓathethe, ɓathethe.

Seɓezoshweleza kakhulu aɓakuɓo kamfana. ɓakhulume ɓezwane qede, kumiswe ilanga lokugcagca. Isizogcagciswa ngonina. Ngeke zisaya izintombi.

Seɓezoyiɓeka ɓaɓuye ɓeyishiya nayo inamanyala okudelwa
27 ukuthi ifike ingasegcwele emzini.

Noma engayona ayithathe intombi umfana, udlula ~~ska~~ ashaye umqhoyiso, nesapaulo, nembuzi yokugeza intombi, anduɓa akhiphe iloɓolo.

67

Ingane le ezoyizala ngeyakuɓo la ezalwa khona lomloɓokazi. Kuɓe ~~ka~~ kuhle kuyintombi yikhona izothi ingagana, ɓathole izinkomo.

Uma uyise eyifuna ingane leyo wayeshaya inkomo engaphandle kweloɓolo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

athenge isisu--noma athenge ingane yakhe leyo, isencane.

Izinkomo lezi zesaphulo ezihlawula ukwemitha kwentombi zazingefuywa ngoбa kwakuthiwa zizochamela emquбeni wezinkomo zakulowo muzi qede kuбesekungena umkhuбa wokumekeza~~n~~ 
28 nokumekezisa kuбantwana ziбeseziбa umkhikha wokuhlawula amacala izinkomo zomnumzane.

Lezinkomo phela ezishayelwa ukumekeza kwomntwana, ngezikayise. Isaphulo sigeza umuzi kayise. Umqhoyiso ngokanina ugeza unina. Imbuzi igeza izintombi.

Yonke lenyama idliwa yizalukazi. Umuntu osazala angeze ayidla ngoбa ingumkhokha. Sezingamekeza zimekezise zonke izingane zakho.

69

Intombazana yayonakala kanye, yethwalwe iye kokwendiswa ekhehleni elaziwayo, isihlawulwe yaqedwa, ihlawulwa yisonakali leso esiyonileyo. Yayingaphindeleli intombazana yemitha kuze kuбe kaбili kuбe kathuthu, aбelungu бengakafiki. Yayingaбulawa.

29 Lokonakala okungaka ezweni, kufike nesilungu sikafeбana, esifeбa sethembe ukuthi izosivuna inkantolo; yize ijele kuбoshwa izinguбo, kukhululwe umuntu aziseбenzele njengoбa nasekhaya ukhululiwe umuntu uyaziseбenzela.

Uma intombazana iphinda yonakala kwamalandela, kwakuбe iyalunywa, ayigwetshwanga, inesigweбa( phela izingane ~~za~~ zamanбombazana zazithi lapha zine minyaka emithathu noбa emine, zigwetshwe. Kwakuye kuбe khona izinyanga zesifazana ezazithatha umntwana lowo zimgubhuze kuye ngaphambili, kuze kuphume igazi eliбi elimnyama loбufeбe, kwenzelwa yikhona igazi lingayi.kumluma la esekhulile.

30 Lentombazana eyayemithela futhi, yayiбoshwa ngezintambo yenekwe; kuthathwe izintambo~~zi~~ ziбoshwe yenekiwe iбese ikhuhlwa ngenhlaбa ngaphansi ize ikhalise okwesilwane ife. бathi-ke бayayenwaya ngoбa iyalunywa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser.297

70 K13/27

Intombazana kuqala iɓikhishelwa umqhoyiso, uma isonakele. Ikhishelwe inkomo yesaphulo. Ikhishelwe imbuzi yokugeza izintombi. Lempahla iɓiphuma kanye lapha kwelakithi, kwaMahambehlala.

71

Kepha eMampondweni nasezindaweni ezizwana nomoya wesiMpondo, intombi ayipheli amampondo ayanyoɓisa ngezingane zawo ezingamantombazana. Intombi ifike iqome lo, qede, anyoɓe. Iɓuye imale iqome lo, futhi, naye anyoɓe, njalo, nje.

31 Kuze kuthi noma isingumfazi, izohlala ihlale emzini, iɓuye ivakashele ekhaya, ike iye kodikaza. Uma isifike kwaɓo-ke la izalwa khona, seyizoɓa yishawe. Iɓeseyiqoma isoka layo elisha, laziwe ngaɓazali. Linyoɓe-ke kuɓazali ɓentombi le yaɓo, eɓuye ekwendeni yazoɓa lishawe ekhaya. Linyoɓe ngenkomo, noma ngempahla eqede inkomo uma kuzimbuzi noɓa kungamagusha.

Selizoloku lifika nje, nangasiphi isikhathi lizolala elawini entombini elishawe.

Kuthi-ke noma lelishawe lisanyotshelwe, liɓuye liqalise futhi lingafihli. Nalelo soka nalo lifike linyoɓe njengelinye. Impahla leyo idliwe ngumzali weshawe. Liqalise-ke ishawe noma amadoda alo engangawezinja, azonyoɓa onke. Athi efika

32 umyeni elilandile lelishawe elazodikaza, alilande selimnothisile uyise ngomceɓo onyotshwa amasoka alo.

Uma umyeni eliɓamba lelishawe lakhe eliɓamba yena mathupha, lilele nomontu, uzoɓiza inkomo naye anyoɓise ngomkakhe.

Lomkhuɓa akusiwo owesiZulu neze. YisiMpondo lesi. KwaZulu umuntu wesifazana waziswa kakhulu. Naye ngemvelo uyazihlonipha kakhulu.

72

Indoda kwakuye kuthi uma isola ukuthi umkayo uyaphinga, ithule du, ingamɓuzi, ngoɓa isophe ukumɓamba.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser.297

Kuthi ngelinye ilanga i6ophe imithwalo yayo ihla6e imbuzi ithi umfazi kayenzele umkhusu (ikhuthu) iyahamba
33 iya endaweni ekude iya kokwenza khona umse6enzi othile ozophela noma emva kwamasonto ama6ili.

Lifike ilanga lelo i6ophe isigqiki negudu nengu6o ecansini iphume ihambe isivalelise kahle kumkayo yamtshela nesikhathi eyo6uya ngaso, nokuthi aze ayihlinzeke ngotshwala. Iphume-ke ekuseni kakhulu ihambe yenzela ilanga uku6a lingaze lishise kakhulu ingakaphumi ekhaya kanti izohamba indlele ende.

I6e isilala endleleni no6a zinsuku ezimbili. Ngolwesithathu i6uye e6usuku iye kwayo. Uma nempela umfazi ephinga, uzoyifica indoda leyo aphinga nayo isisekhaya kwakhe ilala nomkakhe khona ngo6a yazi ukuthi uhambile.

Uma efika, uzovula umnyango angene (phela izi6uko
34 azikho nomnyango munye). Phela uyakwazi ukuvula indle yakhe noma ivaliwe ngo6a yakhiwa nguye.

Uma emqungele uyamgwaza uyamjuqa. Uma emcwengele uyam6amba uvusa a6antu uyam6ika kumnumzane. Liyathethwa. Kuya6uzwa kumyeni ukuthi uthanda 6a6ulawe yini. Uma umyeni ethanda athi ka6uyise zonke izinkomo zakhe eza lo6ola isife6e athathe isife6e sakhe ahambe naso. Yena asale aganwe.

uMagwegwe wake wakwenza loku! Umkakhe emsola. Wa6opha wazenza ohambayo ngempela.

Nempela ~~wakm~~ wahamba amasonto ama6ili-ke yena wa6uya la kudliwa ukudla kwakusihlwa sekuzolalwa.

Uthe lapha esa6eka uMcengezi wegcwele isiphuphutho
35 sezindlu6u phambi kwesoka lakhe, loku phela seliyaye lifike nje la kuqundeka amehlo. Lifike lihalae endaweni yomyeni liphakelwe emcengezini womyeni.

Namhla-ke, lithe la lisathi lithatha ukhezo lomnumzane lithi liyakha, lezwa, emnyango, gudlu, "Vula KaSigweje ngingene." Mamo! Lesukisa okwentlamvu yesibhamu laphonseka

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

emsamo, langena phakathi embizeni enkulu eye yenzele utshwala mhla inkosikazi iphisile.

Langena umnumzane wahlala. Yam6ingelela inkosikazi i6uza ithi wayengasayalezi yini ukuthi uyeza imhlinzeke. Nayo yaphendula nje yathi, "Cha", kusuke kwathi ka6uye nje wezwa esekhumbule ekhaya wayesehamba njalo, ka6e esayaleza.

Njengo6a 6exoxa nje, nansi ingane kaMagwegwe ihlezi
36 lapha eziko, ikhuluma yodwa, ithi, "Kazi wena ndoda esemsamo uyodla nini, loku u6a6a ungene qede wakuyeka x ukudla kwakho. Kaze wena ndoda esemsamo uzophakelwaphi? Loku u6a6a uzophakelwa emcengezini wakhe. Kazi wena ndoda, esemsamo uzolalaphi? Loku u6a6a uzolala lapha, umama alale lapha, mina ngilale lapha. Wena-ke ndoda esemsamo uzolalaphi? Ngiya6uza 6o! Ngithi kazi wena ndoda esemsamo uzolalaphi? "

Ingane yayiphindaphinda lenda6a yayo iyikhuluma yodwa 6aze 6athula 6alalela oyise nonina. Kuthe nje kapki lapho esethi uyaphendula uyise wengane, sesuka esinamathambo! Gulukudu indoda esemsamo! Yesuka nayo yonke imbiza, Yasale iphahlazeka phambi komnumzane, yayiphuma nesivalo sonke.
37 6asala 6ekhexe imilomo.

Kwasala kukhuluma ingane ithi, "Nanso-ke indoda esemsamo icishe i6ulala u6a6a ngembiza. I6ona ngo6a izolala embizeni u6a6a alale endaweni yakhe. Loku phela yiloku ahamba u6a6a yona ilala endaweni yakhe!"

Indoda yamangala kumnumzane ngomkhu6a owenziwa ngu-KaSigweje. Wa6uzwa, wavuma ukuthi indoda ngeyakwaMbatha yathi isifunwa indoda ya6eseyeqe yawela uThukela. Kwase kayixwaxxamfaxa kwasekuyiswa umfazi lo, e6ikwa imikhu6a yakhe kuyise, ku6izwa izinkomo ezamlo6olayo, zi6uyiselwa kuMagwegwe, echitheka njalo uKaSigweje.

72. ukuphinga

Omunye uyaye athi uma emsola umkakhe ukuthi uyaphinga
38 aye enyangeni kok kokhendla umuthi wokucupha indoda uma iza kumfazi lowo izophinga.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Athi uma efuna into yamehlo amenzele. Kwesinye isikhathi inyanga imkhendlele umuthi azomgca6a ngawo. Kwesinye isikhathi azomphuzisa wona. Kwesinye isikhathi inyanga imkhendlele nje umuthi azowugco6a kuyena a6eselala nomkakhe ku6e kuphela.

A6esenqukuzela-ke umfazi ethi uya kophinga, ifike ibhajwe indoda leyo.

Kukhona iqondo lezintwala zengulu6e ezimila ngaphambili ezinzeni zinamathele esikhumbeni nasemakhwapheni nasezinkopheni nasemashiyini nasekhanda.

Kukhona iqondo lenja lapha 6enele 6ahlangane qede, kuthi
39 loku kwendoda ephinga umfazi ngako, kungene qede kokomfazi kuvuvukele ngaphakathi kokomfazi. Ithi lapha iqeda u6umnandi 6ayo indoda isithi iyaphuma, kuthi ngqi. Ithi lapha ithi idonsa ngenkani ku6e 6uhlungu ikhale izinyembezi nomfazi akhale izinyembezi. Kuze kuse 6ehlu6ule uma 6e6ephingana 6engagqokile. Kuze kufike a6antu 6a6a6one kuyiloku 6ehlangene.

Kukhona iqondo lembila. Leloke liyavuvukisa, kushone amasende phakathi. Kugijime izinso. Kukhuphuke amasende afune ukuphuma ngomlomo, ngaso lesosikhathi. Kucime inhliziyo, uma engaphuthunywanga, aphele nya .

Kukhona iqondo likaKalukuni. Leloke, ku6a uku6a 6ahlangane nje, kusuke kweluleke umthondo u6e mude, njengo6a u6ona owenjomane noma owembongolo uma isawelulile. Loku
40 kweluleka kwawo akumphathi kahle umniniwo ngo6a uzwa u6uhlungu o6ukhulu o6umqeda amandla emithanjeni yomzimba. Engasaphuthunyiwe angafa nokufa.

Kukhona iqondo le6ululu. Lelike liyisilumo. 6anele 6ahlangane nje, alunywe, ahlanze khona lapho esikhundleni. Kugo6e uvalo kuthi kaphelele khona lapho. 6engasamphuthumanga, uyagqashuka njalo.

Kukhona iqondo lentshe6e. 6enele 6ahlangane nje, imile ngaso lesosikhathi intshe6e ihlume yeluleke ize ihushe phansi. Kukhathale umzimba wonke kumcime umphefumulo. 6engamphuthumile uyafa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kanti-ke futhi x izelelesi lezi zaziye zithi ziphinga nje, ziбesezihlakaniphile. Ziqale ngako ukufuna imithi ziyikhendle ezinyangeni yokuzivikela. Iyaqala indoda
41 iyakuphinga umkamuntu, isisazi ukuthi izelaphe waze wazigoma ukuze kuthi noma umninimfazi eбemthiyo kangakanani, nangayiphi inhloбo yokubhajwa, afike eqinile angalimali.

Lokukufa kwamadoda efela esifazaneni, kwakungafihlwa. Lalingafihlwa neze iqondo, neze, neze. Kwakuбa yikuбa ubhajwe nje, uma idlozi lakini lenze xxx umusa, awaze wafela esikhundleni, kufanele uvuke lapho uhambe. Kuthi indoda yokuqala ohlangana nayo, uyitshele ukuthi, "Ngibhajiwe ndoda kuhamba kanje kanje egazini."

Kwesinye isikhathi yena lomuntu, uwuphethe, aбesekuphuthuma njalo, sekwethuka ukufa loko, ngoбa kwelapheka kalula njengoku ngena kwako uma kuhlangene nomuthi wako.

42 Nasekhaya xxxxx usho nakumkakho noma yikuбafowenu. Kuzothi uma бengenakukuphuthuma, бakuyele enyangeni ikuphuthume.

Kepha kukhona aбanye aбaye бesaбe ihlazo бeduse ukufa, бalifihle iqondo, бakhombe nje nasekhanda, kanti kusesinyeni. бangakugaguli ngokuthi ngilale nomkamuntu ngavuka sekuбuhlungu ekuthini.

бonke-ke laбo aбangazidaluli бayafa бembelwe ngempela.

uMhlaselwa wathiywa nguMbilongo kuNomaSayidi umkake ngeqondo leбululu. uMbilongo xxxxxxx kwakuyiloku esola sengathi umkakhe umdlelwa nguMhlaselwa. Walithenga enyangeni leliqondo leбululu. Waya uMhlaselwa kuNomaSayidi. Kwaбe uzithelile. Uthe esathi nje, kwakhuphuka into. Kwaqale kwathi
43 nsi emthondweni kwashaya esinye ni, kwadonseka inkaбa novalo wahlanza wajuluka waбa manzi. Kwase kugoбa uvalo khona lapho.

Kwafika inhliziywana encane emkhumbuza ukuthi kahambe aziбike emadodeni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Wamshiya umfazi, wahamba ezihudula, ehlanza. Wafika engekho umfowa6o ekhaya. Watshela umkakhe. Pho-ke! A6afazi! Wathetha waze wakhihliza amagwe6u esho ukuthi, "Ehene! Ake ku6e nja njalo! Mina angithandwa! Ake 6akucuphe-ke na6anye ku6afazi 6a6o!"

Esikhundleni so6a ayiphuthume indoda yakhe ifa, ayi6izele umfowa6o aphuthume inyanga. Yena-ke wafikelwa yisikhwele, kanti kwakungesiso isikhathi sesikhwele leso!

Laze lashona ilanga egingqika edliwa yinyoka ngaphakathi
44 ehlanza, esehlanza nenyongo, esekhonya u6ala nje. Kwaze kwago6a umhlandla novalo lwakhe.

Kuthe- la li6antu 6ahle, wafika umfowa6o kaMhlaselwa. Wafika phezu kwesidumo. Waphuthuma izikhwama zakhe wamkhothisa, w mphuzisa wamgca6a, wamncindisa, wamgeza. Kwaphika ukufa. Loku kwase kuhlale kakhulu ilanga lonke kumudla.

Wagijima umfowa6o khona e6usuku, walanda inyanga. Yafika. Yathulula. Lapho usezibhula nje uMhlaselwa. esekhonya u6ala. Ezibhongqa nje. Ego6ile. Sengathi umhlandla lo sewephuke phakathi, loku seloku ego6ile nje.

Yathulula inyanga. Yenza yenza ngokwazi kwayo, wahlanza
45 uMhlaselwa wahlanza igwe6u elide elingangenyoka qede waye sezilanda.

Wayitshela inyanga ukuthi ufele kumkaMbilongo.

Yathi inyanga, "Ha! Ulukhuni ngo6a awufelanga esikhundleni. Yimi engakhendlela uMbilongo lowo muthi. Ngawuthakela uku6a angada6uli, angaphenduki. Afele khona esikhundleni, lowo ophinga nomkakhe. Kepha ngangingazi ukuthi nguwe Mhlaselwa."

Ya6uye yathulula futhi inyanga. Yamelapha impela waze wasinda. Kepha sekuphele iminyaka emi6ili.

Ka6ange esalulama thwi lase limdle umfonkolo womgogodla. Wasale ese6a yinku6ele ehamba ikhokho6e.

Azi6onge-ke uMhlaselwa athi, "Ukufa kwensizwa yi6uqhashaqhasha
46 ukufa kwexhegu yu6upatalala!"

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

73

Uma indoda i6amba umkayo oqotsheni, igwaza indoda iyijuqe ishiye umfazi asale ethetha icala. Ufakazi womnini mfazi xi yilendoda efele eceleni komuzi womninimfazi.

Uma sekuthethwa icala wayengaze anga6a naso isi6indi umfazi sokuphika. Avume ukuthi u6ephinga nalendoda. Ku6esekulandwa uyise womfazi kuthiwe kazolalela indodakazi yakhe ilanda.

Athi uku6a ezwe kahle konke, naye aphele amandla. Ku6esekukhuluma umyeni womfazi ophingileyo kumkhwe wakhe e6ika ukuda6uka kwakhe loku umkakhe wamlo6ola emthanda, manje-ke usemdumazile. Kamenzi ndoda. Ngakoke sekufanele
47 athathe intombi yakhe ahambe nayo, a6uyise izinkomo ukuze naye athole ukulo6ola enye intombi naye aganwe.

Anga6e esa6a namandla umkwe. Ayitshele ukuthi ayithathe impahla yayo 6ahambe. Nempela-ke 6ahambe. 6ehamba namadoda ama6ili noma ngamathathu azofike a6uye nezinkomo.

Ophingileyo uya6ulawa noma kunga6a ngumfowa6omyeni, noma kuyisihlo6o somyeni, noma kungumuntu nje olukhuni, ngo6a ayikho indoda elo6ola idili lamadoda onke.

74

Uma ukuphinga kwehlakele kwesinye isikhathi iyethukela indoda, la i6anjwa. I6aleke ishiye nebheshu layo esikhundleni
48 ngo6a iyazi ukuthi yenza icala eli6i elilingana nokufa. Ukudla umkamuntu yukufa ngo6a ma u6anjwa unga6ulawa. Ngakho-ke enye, inele i6one nje ukuthi ya6anjwa, iphunyule i6aleke ishiye konke. Nomfazi a6aleke ashiye isidwa6a noma esazi ukuthi kasayi ndawo uselingenwe yindlela noma ukufa.

Indoda yomfazi isizo6ikela umnumzane. Umnumzane aqoqe onke amadoda anawo ekhaya awa6onise ibheshu leli nesidwa6a lesi, ukuthi ngokuka6ani. 6aku6one-ke nempela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 297

A6esethuma izinsizwa ziye ku6o kaselelesi, ziye ko6ika kumnumzane waku6o okwenzekile zimcele uku6a eze namadoda aku6o kanye neselelesi kuzokhulunywa ngelanga eliyikuthi.

49 Naye-ke umnumzane lowo uzosifuna asithole isiphoxo sakwakhe. A6esefika-ke, seku6uthene lamadoda a6emenyiwe.

Ayi6ike-ke umnumzane inda6a yonke, njengokulethwa kwayo kuye. Asikhiphe isidwa6a nebheshu njengokusala kwawo esikhundleni.

Usezokhuluma-ke umnumzane waku6o kaselelesi ashweleze kakhulu, enxusela ukuthi kanga6ulawa, kakuhlawuliswe. 6avumelane-ke ngokuthi uzohlawuliswa.

A6ese6uzwa-ke, naye avume, ngo6a 6a6ungaka6ikho lo6uqili o6ungaka kuqala.

A6eseshaya inkomo yokuhlawula ixi icala lakhe. Na6aku6omfazi 6akhona phela. A6esevuma nomfazi evuma nesidwa6a sakhe leso esi6anjwe esikhundleni.

50 Ku6esekuthiwa kathathe okungokwakhe ahambe namadoda aye kolanda izinkomo ezalo6ola umfazi lo ophingileyo. Yena-ke umfazi ku6e usezichitha yena-ke emendweni wakhe. Zi6uyele kumninizo izinkomo aqonde enye intombi ayilo6ole ngazo lezo nkomo ezi6uyile.

75

Umthetho uthi umfazi kangaphingi ngo6a waphuma ethengwe ngezinkomo. Kufanele adliwe yindoda yakhe yodwa.

Kanti futhi indoda kayingaphi nginomkamuntu, ngo6a iphambanisa ukwenza.

Kulula nje iganwe indoda iganwe sithembu,ngo6a indoda ayipheli, inga6athatha nje na6afazi a6alishumi 6eve kude, yenelise umxhwele wayo.

51 Namadoda ayenge6ukhali kangaka kuqala. Ayengawenzi umlaza. Ngenxa yezimpi, ngo6a uma enza umlaza, azokwehlulwa empini. Ngakho-ke, nomfazi ochanguze kahle nje, wayengenakuyiphuthuma indoda yakhe ngaso sonke isikhathi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

njengokuthanda kwakhe. Ezama naye ukungayenzeli umnyama empini. Ngo6a ukuzingcolisa ngomuntu wesifazana kakhulu, kuyisulu6ezi empini. Kungumnyama. (Njengo6a ngomthetho wakithi omdala kuyaye kuthi uma kulahleke into encane ifunwa, yejwayele ukutholwa yingane yona isenamehlo amahle. ) Kuthi-ke uma umuntu omdala, noma ngowesilisa noma ngowesifazana uma efuna into engayitholi, kanti iso6ala nje ku6esekungena noma yingane izomfunisa. Ithi isangena
52 nje ithi nansi. 6a6ese6ethi a6a6ukeleyo, "Wabhekani wena?" Loku 6akusho kulo omdala ofuna into ikhona angayi6oni. Yisiga leso sokuthi, "Wabhekani?" noma "Wa6onani?". Esisho ukuthi uma ungowesifazana, walala kakhulu nendoda waze wayi6uka amasende ayo aku6angela umnyama emehlweni awusazi6oni izinto o6ekufanele uzi6one. Uma uyindoda, wi walala kakhulu nomuntu wesifazana waze wam6uka ingquthu yakhe ngamehlo yaku6angela umnyama emehlweni, awusazi6oni izin6o o6ekufanele uzi6one).

76

Ye6o kwakungumthetho uku6a uma umfazi ese6anjiwe, amdalule umuntu aphinga naye.

Kwesinye isikhathi a6enamahloni okuvuma umfazi. Kukhulume ingane-ke, ngo6a ingane yona izofana noyise.
53 6a6ese6emvumisa-ke, avume naye.

77

Kwakungekho ukubhunguka kuqala. Izwe laliyisigqi6e. Lwalungawelwa uThukela. Indoda i6ihamba nje iye kokhonza komkhulu. Nezinyanga zazingaka6i ziningi kangaka. Ngakho-ke kwakungandile uku6a indoda iphume ekhaya nje izule ishiye umuzi wayo.

Kwakuthi uma ingayile kokotha i6andla, i6esekhaya indoda. Kwakukuphi laphaya? Ho! Kwakuko6a6ambeni 6ayekeni. Umuntu wayehlala elindwe yuvalo lokuthi uzovinjezelwa nanga 6uphi u6usuku.

Indoda yayingaze ingabhunguka ishiye ikhaya layo nomuzi wayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kanti futhi izinyanga zazihamba zona. Ihlale
54 amalombolombo ekwelapheni. Omunye umfazi aze ayidikile agange e6ona ihamba ingasa6uyi. Uma ifika umfazi esephinga, ku6e ku6i ka6i. Ku6e yicala njengecala lowomuntu ophinga umkanyanga amhlawule ngempela.

Futhi ngamakhosi a6antu a6a6ekhathaza. 6a6e na6afazi a6aningi 6a6uye 6a6e nomdlunkulu.

Okunye ku6e yimbuqe nje kuyigcine indoda mhla kufikayo Ku6esekudliwa ngumphakathi nje, ozoloku ufohla uthango ungena uzophinga.

Kepha uma ekewa6anjwa nje umuntu, kwakuthi uma enga6ulawanga kuthethwe icala njengecala. Ahlawule.

78

Phela ukuphinga kwakuhlawulwa ngenkomo.

79

55 Kwakuye kuthi uma indoda ihlushwa ngumkayo ephinga, nayo imthanda, ingafisi ukumchitha, imyele enyangeni. Inyanga imenzele umuthi umnumzane lo ohluphekayo.

Kwesinye isikhathi imenzele ikhambi lesidina. Afike qede ekhaya aphonse ngalo umkakhe. Ku6esekuthi-ke esemphonsile, ahambe ethi uya kumngani wakhe. 6anele 6ahlangane nje, kunuke. Ifele amathe inkosikazi inxaphe imbuze ithi"Hau! usuzelani?" Naye athi "Hau! Wathi yimi engisuzayo inganti nguwe nje ongasinda6anga uphuma konya unuka amasimba?" Isho ifela amathe. 6athethisane 6acishe ukulwa umfazi athi "angikufuni uyanuka, unuka amasimba." Nendoda ithi
56 angikufuni uyanuka unuka amasimba."

Indoda le ephingayo inga6uye iphinde ifune ukuphinga nalomfazi asuke ayinukele. Yona-ke ingazelaphi ngo6a amadoda anenkani kazi6oni ma e6ulewe.

Ku6esekuthi indoda yomfazi lo ophingayo, yona i6eyiphehla u6ulawu nje iphalaza nga6o igeze umzimba kuphela. Ithi uku6a i6one ukuthi umfazi useyiyekile indoda leyo, ilikhiphe ikhambi kumfazi wayo. Imekhamele emakhaleni impheke

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser.297

ngekhambi aphalaze ngalo isonta lonke. Kuthi ngesonta lesi6ili ilichithe igxo6e omunye umuthi wokulikhipha ikhambi: impheke ngawo aphalaze futhi isonta lonke, awuchithe. Naye-ke a6esemphehlela u6ulawu. Aphalaze nga6o isonta

57 lonke imphothule imuthi du qede kx ku6e yikhona ithi mfazi kuyena. Angaphindi ayica6ange leyandoda a6ephinga nayo. Akhanyelwe ngeyakhe nje i6e likhezekheze kuye.

79

Uma indoda iqonde ngokuphinga, yayiye iziwane nezingedle. Ishaye inkomo. Kuthi-ke inyanga iyigome. Iyigomele egameni lezintlo6o zonke zamaqondo, nezokubhajwa okunoku6a kuthiye indo a kumkayo. Inyanga le imncindise imkhothise imphalazise imchathe imgca6e. Ukuze kuthi noma e6e6ize inyanga yamthiya ngelingakanani iqondo. Lifike selikhona emzim6eni. Linga6e lisamenza lutho.

80

58 Amakhosi wona ayephika ngokuthatha nje zonke izintombi ezi6ukekayo azenze a6afazi, kanti kanaku6agcina ngalutho.

Enye inkosi i6enesithembu esingamashumi amathathu, enye i6enekhulu lonke.

Okusimanga yiko uku6a kuthandwa intandokazi. 6onke a6afazi la6a ku6e yize nje. A6anye 6ayigcina inkosi mhla 6eqala ukufika. 6enele ukwenziwa a6afazi qede 6ayekwe kuchume izintandokazi.

La6o6afazi a6anjalo, 6azaliswa ngama6utho enkosi--umphakathi.

Kuye kuthi uma inkosi ikeyeza kanye kuye, a6esephinga nendoda enye unyaka wonke, aze a6elethe, a6esethi yingane yenkosi. Kepha a6anye 6a6anjwe ngo6a ayisiso isilima inkosi.

59 Kuye kuzwakale uma umuntu ephinga.

Lowomlo6okazi njalo o6anjiweyo uya6ulawa ngo6a ugile umkhu6a phezu kwenkosi. Nomuntu lowo a6anjwe naye uya6ulawa. Ziphele izikweletu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

81

Kwakuye kuthi uma induna ihawukela umkamuntu noma kuyinkosi uma ihawukela umkamuntu, iphake impi iye kovimbezela. Kuthi kusempondo zamthini, lapho a6afana 6esaya kochitha izingeje za6anumzane, kuzwakale a6e munye esho ngeli6andayo, ethi, "Kashongo njalo oKaNda6a ukuthi lala singalele." Se6eyangena njalo 6a6ulala umnumzane lowo kanye na6esilisa 6akulowo muzi. 6athathe umfazi lowo ohawukelwa yinkosi,
60 6amyise kuyo, imenze owayo.

82

Umfelokazi u6engenwa yila6o a6afenele ukumngena 6aku6o kamyeni wakhe.

Uma 6engamfuni-ke, u6ebheka nje indoda ayi6onayo ngenhliziyo yakhe, kuze yona ekhaya izozalela lowo ofileyo.

Kuthi-ke uma e6ona, abheke indoda imlo6ole kwa6omuzi wakhe. Uma e6emasu mane, umfokazi ashaye ezisithupha, qede, 6agcagce. Uma enamasu asithupha, ashaye zi6ene. Loko kwakusinqumo esanqunywa ngumlungu uSomsewu kaSonzica ukuthi umuntu kalotsholwe ngezinkomo ezilishumi nengquthu.

Engaka6ikho umlungu, emfelokazi 6ekuthi uma engangenwanga, egana nje komunye umuntu, amlo6ole kwa6akhulu 6omuzi wakhe
61 a6azindlalifa zakhe. Kuthi-ke uma 6elo6olisa 6azephule izinkomo. Ngo6a phela 6a6eye 6aqonde lelo nani lezinkomo ezalo6ola umfelokazi. 6a6ale izingane asezizele ku6o. Ingane yinkomo, ingane yinkomo. Nengquthu i6alelwa kumyeni wokuqala. Kayishayi owamuva. Ku6esekwephulwa izinkomo zamasu omfelokazi. Indoda leyo i6uyise ezisele yo qede, inikwe umkayo.

Loku 6ekungumthetho. Kanti futhi 6ekungathandeki nje ukuthi umfelokazi aphume aye kogana, ashiye ukuphekela izintandane. Uma engangenwanga, u6ehlangana nje nendoda ezoloku ifika kuye ngokuhlwa noma kungesiyo eyasekhaya.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser.297

Naye u6engeluswa elusiswe okwengane. Ngo6a uma emitha kuyaziwa ukuthi uzalela umyeni wakhe ofileyo. Yifa lelo.

62 Ku6e kuhle kudele uma ezala amantombazana ngo6a kuzo6uya izinkomo. Kwakungashiwo ukuthi umfelokazi uyaphinga. Kanti futhi kwakungaliwa uma ethanda ukugana, ngo6a kuyaziwa ukuthi nalapho ziyo6uya izinkomo e zesinqumo.

83

Ye6o kwaku6a khona isikhathi lapha ukuphinga 6ekuvunyelwe, kunga6ekwa cala kwa6aphingeneyo.

Kwesinye isikhathi umfana uzoganwa ngumfazi kanti kasiyo indoda. (Ukunga6i yindoda yiku6a engathombanga. Engazali. Isidoda sakhe singajiyele ukudala umuntu. Kwesinye isikhathi kumbe unguncuku6ili. Uncuku6ili-ke kazali ngo6a omunye u6a nengquthu engaqede mkhu6a, ku6e

63 sekumila amasende nomthondo eceleni. Omunye azi6ize ngokuthi uyindoda. Kanti u6udoda 6akhe a6ukwazi ukudala umuntu).

Kuzothi-ke, esechanguzelwe wathi du, kuzo6onakala ukuthi sekwedlule isikhathi umlo6okazi kemithi, kuthi noma eya ogedleni, lufike lungamsoli kugula. Sekuzosuka umnumzane akhulume ekhaya. Kuzanywe uku6a kujiyiswe sisdoda salomfana, ukuze sifanele uku6eka umuntu kumlo6okazi. 6a6one kwedlula isikhathi umlo6okazi kuyiloku elula. 6athule. 6a6one ukuthi umfana kazali.

A6esekhetha omunye umfana khona ekhaya, umnumzane. ekhuluma naye ukuthi kufanele azalele umfowa6o kumlo6okazi,

64 ukuze angachitheki umntanomuntu.

Nempela-ke, umnumzane a6ize umlo6okazi amtshele ukuthi njengo6a umyeni wakhe ehluleka ukumzalisa, kufanele azalelwe yilomfana, yena ezalayo.

Ngakho-ke, umlo6okazi uzotho6ela umthetho kayise womyeni wakhe. Aphinge nalomfana, emithe. Athi wemithiswe yiyo indoda yakhe. Azame ukungayi6onisi ukuthi uyalala nalomuntu anikezwe kuye ngenxa yenzalo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lomuntu-ke amzalise umlo6okazi kuze kugcwale indlu ezalela umfowa6o.

Kungaze kwashiwo-ke ukuthi kuphinga loko.

Futhi uma kusuke kuyidili, kuphekwe inyama yezinkomo kwaphiswa utshwala, kuye ku6uthane a6antu a6aningi 6ezokudla.

65 Uma kukhona no6a ~~mkk~~ umkhwenyenu nje, ecela ukuthi ake ume6ele, uyame6ela nje kungashiwo ukuthi uphingile. Naye u6elambile. Pho-ke kakwazi uku6ulawa yindlala ekhona umlamu wakhe, ngo6a isiga sithi umkhwenyana kalali emnyango, noma kuthiwe umlamu kalali emnyango.

Futhi-ke uma a6antu se6edakiwe, 6ekade 6ephuza, 6ayaye 6anga6i nawo amahloni. Kusuke nje indoda efisa umkamuntu imeshele no6a kusuke nje umfazi eshele indoda, ayiqale ngokuthi "Ngishiyele." Kumbe indoda ilandule. A6esengena ngokuthi wena wangalani kangaka? Ngi6e ngisacele ugwayi kuwe ngiqalekile ungincishe. Isizothi indoda, "Sondela ngikushiyele, angikwali, ngiyakuthanda. Se6eya6ambana njalo ngako loko, se6elalana. O6ala

66 Lukabha. Nowedlula ngendlela use6a6ona nje 6ephingana. A6esesho naye ethi, "6uphakathi! A6antu sekuzichuse nje! "

Lapho-ke no6a indoda i6amba umkayo oqotsheni iyathetha nje imshaye ingamethwesi cala ngo6a ~~mk~~ u6edakiwe. U6engaqonde ngakuphinga.

84

A6antu a6afani. 6ekuyaye ku6e khona umuntu o6efisa udadewa6o. Kwesinye isikhathi uyise afise indodakazi yakhe. La6o6antu-ke a6afanele ukuphingana.

Uma-ke umuntu onjalo ehtola isi6indi sokumeshela udadewa6o, no6a eshele umntanakhe 6avumelane, kuthiwe 6agile umkhu6a omu6i ezweni. 6aqongqwe 6o6o6ili 6alahlwe. Lalingekho icala kwaZulu.

67 Inkokhelo yokona yayingukufa kuphela.

85

uNgebheshu wake waphinga nomkaSophayiza. 6athandana a6a6e 6esa6a nandle6e. Wayesetshela umfazi uNgebheshu ethi kufanele 6eqe 6awele uThukela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Nempela-ke, 6eqa. 6aye 6afika khona oThukela. 6alufica lwegcwele. 6ase 6ezakhela idokodo eduze komfula. 6ahlala. Kwathi sekwedlule izinsukwana nje, wafika uSophayiza. Wa6afica 6ehlezi 6o6a6ili.

Ka6uzanga uSophayiza. Wamqhumisa ngemvu6u. Wamshaya wamshiya ulimi, e6uza ukuthi ngoka6ani lomfazi asedokode naye lapha?

68 Wathatha umkakhe wahamba wa6uyela naye ekhaya. Wafike wame6ula ngemvu6u e6uza ukuthi kusho 6ani ukuthi kamdumaze aphinge? Wakhala umfazi wathi angeke esaphinda.

Yathi indoda kahambe aye ku6o 6aye komlaya.

Wahamba. Wafika ekhaya wayilanda inda6a yakhe.

6amsola kakhulu oyise nonina, 6esho ukuthi impela uphoxile. Ka6oni yini ukuthi umkhwenyana u6e nokum6ophisa imithwalo amale, alande izinkomo zakhe alo6ola ngazo. Loko-ke kunga6a yinto embi kakhulu ukukhipha ukhezo emlonyeni ngenxa yokonakala kwakhe.

6athi kanga6e esaphinda aphinge. Naye wethembisa ukuthi usegcinile ngci. Wayesethi uyise uma nje uphinda, uyokwazi

69 ukuthi nginamandla ~~mx~~ okumtshela umkhwenyana ukuthi kaku6ulale. Ku6uhlungu-ke ukuzi6ulala mntanami. Ushiye izingane zakho ngena ~~yxx~~ yesimilo sakho esi6i.

Mina angisakufuni uku6a unga6uyela kimi ngenxa yezono zakho. Ngakukhipha ngakukhipha. Sengithanda izinkomo lezi ezakulo6ola. Angifuni-ke uku6a ungikhiphe ukhezo emlonyeni.

Thatha nanti ithanga uye kophekela umkhwenyana isinambathi."

Yakhala lentombazan , ilaywa nguyise. Yathatha ithanga lelo ephiwe lona. Yahamba. Yafika qede yaphekela umyeni wayo isinambathi. 6ase 6ehlala kahle. Ka6e esaphinda aphinge.

85

70 6a6ehamba nje 6ethi a6ayi ku6anjwa.

86

6ahamba 6ethi 6azowela uThukela 6ehlulwa yiku6a lugcwale.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6ase 6akha idlangala 6ahlala nganeno koThukela, 6ethembe ukuthi a6ayi ku6enjwa, kanti 6azo6anjwa.

87

Kwathi lapha uNgebheshu emshaya umkakhe, a6akwa6o 6athi kangam6ulali, futhi angamchithi ngo6a u6ekade elungisa kahle yonke into yiloku endela lapha ekhaya.Uyaqala ukwenza isixako esingaka. Kufanele aye ku6o aye kolaywa.

A6akwa6o kaNgebheshu, 6aye 6ayomethwala laphi enatshiswa khona nguSophayiza ngemvu6u.

71 A6akwa6o mfazi o6anjwe yindoda yakhe eseqe noNgebheshu 6amlaya 6amnika ithanga 6athi kaye kophekela umkhwenyana, isinambathi.

88

Lelicala laxoliswa lathiwa kuyothi 6angaphinda 6a6ulawe 6o6o6ili.

Lelicala alikhulunyelwanga esigcawini. Laqedolwa kumnumzane. Aliyiswanga komkhulu.

89

Azikhishwanga izindleko. Inhlawulo kwa6a yinduku.

90

Indoda eyaphingayo yashaywa yashiywa ulimi.

Umfazi washaywa yindoda yakhe yamtshela ukuthi kaye kuyise nonina 6amlaye.

91

Wa6uyela endodeni yakhe umfazi ngo6a yamxolela.

72 92

Izingane kwa6a ezendoda.

Amacala empahla

(Uma impahla yonile ).

93

Kwakuye kuthi uma umuntu e6anjwa e6a ensimini yomunye umuntu, adluliswe. Ukumedlulisa kwakuye kwenziwe kanje:- Lowo omu6onileyo e6a, a6a6aze ashaye izandla aze akla6ele

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngazo, ekhuza ethi Au! Au! Au! Au! Nanko umhlola! Au! Waze we6a umuntu! Au! Wayingenela insimu yomntakaSi6ani6ani! Au! Yeka amandla akhe eyilima eyihlakula! Au! Au! Au! Waze we6a umuntu!

73 Lowo-ke o6atshazwe kanjalo usedlulile. Sekuyo6a yiloku kuthi kahambe aye kokwe6a nje. Angaphumuli enge6ile.

Kokunye 6amkhunkule. Kokunye uma esekhathaze ngokwe6a enga6anjwa, 6a6eye 6amthathele ngonyawo lwakhe 6alwelaphe. Loko-ke kwakwenziwa a6antu a6anhliziyombi.

A6afana 6a6eqwagela kuqala. 6aye kokukha umbila nemfe emasimini a6antu, imfe 6ayi6ophele emaqakaleni. 6ayihudule, 6aye koyidla.

Uma 6a6anjiwe 6ashaywe. Uma 6x 6enga6anjwanga ku6e 6asindile.

Isela nxa le6a ensimini yomuntu, li6onwa, 6elisaziwa ukuthi yisela---ngelasekuthini. Inxa njalo umnini nsimu elificile, alishaye ka6i, angalima ngaleli.

74 Yinxa sekukhona a6elungu nje la sekwa6a amacala angaka. Sengathi nezono zazingengaka kuqala, ngo6a kwakuthi lowo o6anjiweyo njalo, ashaywe.

Eke waficwa e6usuku, ngumthakathi. Kuthi inxa e6onwa e6aleni, emzini wendoda, 6am6one qede 6athule 6athi du. Acanase acanase e6aleni.

6avusane a6alisa 6am6ambe, 6amjoje endunu ngezinti a6ese6ezicijile. 6xx 6amcthwale 6aye 6amveze emnyango kwakhe, 6athi, "Yemukela KaSi6ani6ani, 6esho kumkake.

94

Uma izinkomi zidle insimu 6ekuye kuyohlolwa. Kukhalelwane.

75 Kwakungahlawuliswana ngo6a a6afana 6a6elusa. Kuthi no6a izinkomo zimphambile umfana zangena ensimini yomuntu, Umuntu odlelweyo wayeshaya umfana, liphele ngaloko.

Kuthi-ke uma idle kakhulu, kuhlawulwe. Kepha nokuhlawula kwakungegugu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 297

Kwakuye kuthi ~~xxx~~ umninikudla efika insimu yakhe idenyelwe phansi zinkomo, athethe ngenhliziyo e6uhlungu athi, "Hlawula ukudla kwami."

A6esethi nalo onkomo zonile, "Sengizohlawula-ke. Ngelami ihlanga lelo. Wena ngizokunika ihlanga lami elingangelakho, mina ngi6uye nelakho, ngo6a zihundu zezinkomo zami lezo." Kodwa kuphele ngako loko njalo. 6angahlawulisani
76 6athethisane nje. Uma kushaywe umfana ku6e kuphelile.

Kwakhuzwa imihlolo ngomfo waseMgazini, uMlingo Ntshangase, okwathi izinkomo zikaNyongo Ntshangase, zadla insimu yakhe yombila. Wathukuthela uMlingo wathi a6amkhombele insimu engangayo. 6amkhombela eyama6ele.

Wayigenca, eyinqumela phansi onke ama6ele! Nya! Kwasala ihlanga eliluhlaza. Ekhokhisa uku6a izinkomo ziqede insimu yakhe. Naye-ke usegenca insimu yonke yomuntu ukuze 6afane. Naye kaze ayenela na6o a6aze ~~6~~6ayenela.

Kwa6atshazwa inhliziyo yakhe embi. Kwathi ~~xxx~~ na6antu a6am6uzayo 6ethi, "Hawu! U6uthi wenzani ugencela insimu yomuntu phansi?" Wathula nje. Kwazisa ukuthi wayenolaka.

77

95

Kwakungadatshulwa ensimini yomuntu kuqala. Nanamuhla akukadatshulwa ensimini yomuntu kwaZulu. Kepha lapha esilungwini sekudatshulwa nje kunga6i nda6a zalutho.

Kuqala 6ekungalokothe kwenzeke ukuthi umuntu ada6ule ensimini yomunye. ~~Z~~ Uma ehambile kuyo, uyathakatha. Uma engaloyi ~~xyx~~ uyedelela.

Ngako-ke, yinduku kuphela elungisa loko.

96

Umuntu wayengena ngesango emzini womunye. U6engafohli nasemini nase6usuku. Uma esengenile wayefike akhuleke kumnumzane. Kusho yena-ke umnumzane ukuthi kangene.

78 Uma umuntu efunyanwa esengaphakathi nje engakhulekelanga no6a kusemini, u6eshaywa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Njengo Lu6enjana nje. Okwathi kuhlatshiwe ~~kwaGo6izxz~~ kwaGo6izitshwana, amadoda osa inyama esi6ayeni, naye wafika. Uthe la eza ehamba ngaphandle kothango, wezwa a6esifazana 6ekhuluma kwenye indlu, 6ethi, Au! Saze sa6a sihle! Au! Au! Au! Sa6a sihle!

Uthe ukuzwa loko, waye sefohla uthango, waphikelela kuyo leyondlu la ku6atshazwa khona, wafike wathi, "Nami ngikhombiseni lento enhle eniyi6a6azayo."

Wathi engakaligwinyi, yase imphethe ngenduku insizwa,
79 eya6e ithunywe ngumnumzane ukuthi kayiye komshaya. Wa6aleka wafohla uthango futhi wa6uyela emuva engasayidlanga nenyama leyo a6eyihambele.

Phela amadoda am6ona efohla. Wona ayesesi6ayeni. Njengo6a nazi ukuthi iso liyawuwela umfula ugcwele. Umnumzane wayesesho kumfana ethi, "Hamba uyoshaya nasiya isiphoxo. Wayeseyomshaya-ke, ejutshwe ngumnumzane.

Phela kwakungumthetho ukuthi ongangeni ngesango, ulisela nomphangi.

A6esifazana la6o, 6a6ehlu6ise umlo6okazi 6e6uka isisu sakhe. U6ezwa njalo uLu6enjana, 6a6a6aza u6hle 6esisu somlo6okazi, owa6e ekhulelwe.

80 Angikhulumi-ke ngomuntu o6onwa esengaphakathi kothango e6usuku. Lowo usuke ezothakatha, ngo6a nokufika kwakhe kafiki akhulekele, ufika nje angene ngaphakathi kothango, kepha angangeni futhi endlini--Uyathakatha-ke lowo.

Ngo6a nentombi uma inyonyo6isa umsha wayo, ingamngenisa elawini imfihle khona. Uma ingamngenisanga elawini, iphume naye, imfihle endle ngaphandle kothango.

Ngako-ke uma umuntu e6onwa ema6aleni e6usuku, kuye kuthi a6esilisa 6anyenyezelane. 6aphume kanyekanye 6amsukele 6am6ambe, qede 6amjoje, ngo6a engumthakathi. 6acije izinti x 6amhla6e ngazo endunu zize zigcwale isisu. 6apheke amanzi a6ile 6ambhoje ngawo. 6amethwale 6am6eke emnyango kwakhe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

81 Addendum to page 22, section 26.

Ukwonakala

97

Kuningi ukonakala kwempahla. Kokunye kuye kuthi umnumzane azale amantombazana aze x elamane kaningi. Athi esegcina agcine ngomfana. Athi lapha esathatha unyawo umntwana, kokunye kufe uyise.

Lowomntwana-ke uyinkosana. Indlalifa yakulomuzi ngo6a uyise usefile.

6akhona a6afowa6oyise a6azokumphathela ifa lakhe, 6ali6uyisele kuye la esehlakaniphile.

Ifa lalomntwana elishiywe nguyise, zinkomo. (Angisazi6ali izimbuzi namagusha nezinkuku, ngo6a yizinto ezincane lezo). Ngamantombazana.

Kuzothi kumbe la eselusa amathole, nje, i6eseyigana inkosazana ilotsholwa ngezinkomo ezilishumi nengquthu.

Kuthi kumbe la eselusa izinkomo igane eyelama inkosazana, nayo ilotsholwe.

Igane eyelama leyo, nayo ilotsholwe.

82 Kusale amantombazana ama6ili elanywa ngumfana lo oyindlalifa yala6a6antu.

Manje-ke lelifa selilikhulu. Umudli walo usemncane. Uselusa izinkomo.

Ake sithi uyise u6efe washiya izinkomo ezilishumi nesithupha. Intombi enkulu eyende kuqala x yalotsholwa ngeshumi nenkomo, kumbe wahlatshwa umqhoyiso. Enye inkomo yathenga impahla yentombazana, yokwenda. Enye inkomo yahlatshwa.

Entombini yokuqala izinkomo ezimi esi6ayeni ziyisiphohlongo. Seziphumile zonke izindleko.

Entombini yesi6ili futhi ziyisiphohlongo.

Entombini yesithathu futhi ziyisiphohlongo.

Sekungezashiywa nguyise-ke eziyishumi nesithupha.

Kumbe-ke kukhonjwe umfowa6o omkhulu kayise. Ku6e nguye ozobhekela lomfana ifa lakhe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Alikazukwenza lutho-ke lelifa ngo6a naku umnininilo akaganwa usemncane.

83 Sekuzoqhamuka umfana oganwayo. Usefuna ukwe6oleka izinkomo ezilishumi nenkomo ezolo6ola intombi yakhe ayithanda ngenhliziyo yakhe, kepha engena lutho.

Seku6uthwa amadoda asekhaya sekuyakhulunywa. Ihlolwe kakhulu lenda6a. Ku6uzeke nokuthi uma enikwa lezinkomo zomfana ofelwe nguyise, uyozikhokha ngani.

Kumbe lo ozokwe6oleka usesho ethi, "Qha, 6akuthi, ngisuke ngeqiwa yuthando lwentombi le yami. 6angifuna ukuyilo6ola ngiyiqede ngisine. 6seengizise6enza lezinkomo ngimu6uyisele umfana lo engakaganwa.

A6ese6uza futhi amadoda ukuthi uma engaphumeleli kumbe agule anga6i nawo amandla okuzise6enza lezinkomo, kuyokwenziwa njani.

Kukhulunywe-ke, kumiswe ukuthi uma ehluleka uyomisa i indodakazi yakhe ayoyizala kuqala, ukuthi izinkomo eziyoyilo6ola ziyokhokha ezomfana zonke.

84 Kuvunyelwane-ke ngaloko-ke. Umfana eze na6aku6o a6azomkumfakazela, eze kula6a a6azokumnika izinkomo. Kuzwakaliswe-ke isi6opho esinqunywe ngalezi nkomo. 6avumelane-ke Anikwe umfana lowo. Zikhokhwe futhi ngayo leyo ndlela enqunyiweyo ya6oshwa.

(2) Kokunye, kuzosuka inkunzi yomunye umuntu igwaze inka6i yomunye umuntu. Iyijuqe.

Kuzosuka umnininkunzi eyonile, aye kumninika6i efile. 6akhulume. Kukhulunywe. Ku6izwe amadoda asekhaya, kukhulunywe, kuphenyelwane, kuphenyelwane izinhliziyo kuzwakaliswe ukuthi isilwane asithunywanga muntu nokuthi 6angeze 6axatshaniswa zilwane. Nomnininkunzi e6ulele inka6i a6onakalise ukuthi uda6uke kakhulu.

Umnininka6i athi, "Qha, ku6e yingozi le. Nami ngomuso kuzosuka inkomo yami igwaze inkomo yakho. Ungihlawulise. Ku6e sengathi 6esicuphene. Asingaxatshaniswa zilwane. Asikhalele

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 297

85 enyameni nasesikhumbeni.

Wena ngisize nje keninge6ulise inka6i le yami madoda nonke, nithole amahlinzelo. Seno6uya kusasa sizoyidla izithe6e. Ni6uye ngomhlomunye sidle amanqina nenhloko."

Se6eyayihlinza njalo inka6i se6entshontsha amahlinzelo, 6ehloma ezindukwini 6eya koqagelisa a6antwana ekhaya ukuthi 6aphetheni (a6antwana : inkosikazi yona iphekela a6antwana nomnumzane).

Nomninikunzi elimaze inka6i yomuntu usethola isi6indi. Seliphela ngako loko lelicala.

Kwakungakokhiswa neze kuqala. Kwakukhalelwana. Ukukhokhisa kuze kwafika na6elungu, uku6a ku6e khona izinkantolo.

(3) Kwesinye isikhathi kuzosuka umuntu athi uya6a6ela kwakhe, kuvuke umoya. Weqe umlilo. Ushise umuzi womakhelwane kanye

86 nokudla kusengotsheni. Lomlilo wehlule a6an6u 6ewubhula. Ku6e yingozi eyenziwe umoya.

Umnini-kushisa-umlilo, uzozethwala aziyise kumuntu oshelwe yimpahla yonke yakhe kwasinda izingane zodwa.

Afike akhale phambi kwakhe, kukhulunywe. Angahlawuliswa.

Sekuzothi nje-ke uma sekwakhiwa naye lo owonileyo elekelele ngenhliziyo yakhe, enze loko akuca6anga ukuthi angakwenza. Nangokudla futhi a6aphe loko aku6ona ngenhliziyo yakhe ukuthi anga6apha kona. Engakhokhi.

Ngo6a phela lo owonakalelweyo, uthe, yingozi. Naye ufile njalo. U6eqondwe yiyo ingozi. Umoya awuthunywanga muntu ukuthi awuphenduke, naye umfice engaka6a6eli, a6esesha.

Kwesinye isikhathi kuzofika isihlo6o sizokwethekela. A6esesilayela insimu unkosikazi, ethi kasiye kofula, yena esali6ele ekhaya.

87 Usezohamba-ke lomuntu ozokwethekela afule insimu yomunye, kanti kezwanga kahle la emlayela umhlo6o wakhe azokwethekela kuye.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Usefula ethi du, ~~xx~~ usefika umnini nsimu efulwe ngengozi usekhuza ilumbo, isela ku6e yisela.

A6esethambisa igazi lo ozokwethekela esemlandisa konke A6esethula-ke e6uyela ekhaya.

A6esefika esezihudula kumhlo6o wakhe, lo ozokwethekela, ese6ika ~~txt~~ isono sakhe, esexa6anisile wafula insimu yomuntu ethi ngeyomhlo6o wakhe.

A6esesuka-ke lo osihlo6o sokwethekela sifula insimu yomuntu ngengozi yokungezwa ukulayelwa. Eseyozethula. Ezethula kulo okudla kwakhe kufulwe ngomunye. Ese6ika yonke inda6a njengo6a injalo eyi6ika ngenhliziyo eda6ukile.

A6eselindela isinqumo salona owonakalelwe ngukudla
88 kwakhe.

Naye-ke lo kazoze avuma ukuthi akhokhise. Enqa6e impela, athi yingozi. Naye funa kuthi ngomuso kufike isihlo6o sakhe sizokwethekela, singaze sawu6ona umncele, sifule insimu yalo omunye ngesiphonsiso. Ku6e sengathi 6e6ecuphene.

Iphele ngako loko-ke.

Kwakwaziswa ~~ka~~ kakhulu kuqala ukuthi ingozi, yingozi. kungahlawulwa. Kukhalelwane.

Into eyayihlawulwa impela, nga6antwana. Amacala entombi nensizwa. Laphoke--Ah! Kwakuhlawulwa nangenduku nangenkani.

Cha ingozi yokonakala kwezinto. Kwakukhulunywa kuhoshwane imimoya. Kungakhokhiswa.

(4) Inganti ngisho no6a umntwana e6ulewe ngomunye 6engcweka 6elusile. 6ekukhalelwana kuthiwe yingozi.

(5) Noma omunye ecwile esizi6eni 6ebhukuda, 6ekukhalelwana,
89 kuthiwe yingozi. Yehle a6antwana 6ethi 6ayadlala.

98

Uma loko okonakele konakale ngengozi 6ekukhalelwana. Kuyekelwe.

Uma loko okonakele kwenziwe nga6omu, iyasha induku kuphela. Ashaywe lowo. Uma efa afe. Khona lapho kuliwa. Afe uma efa. Kunga6i nda6a zalutho. Wedelele lowo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uma ukonakala loko kwaziwa kuqondile. Kepha kuyingozi kuyakhalelwana, kukhulunywe.

Uma kungamaбomu--yinduku kuphela.

Uma ukonakala kungaqondakali kahle. Kepha kusengathi kwenziwe ngaбomu. Lowo owonakalelweyo umema izinsizwa, ayovimbezela kuphela. Kukhulume induku. Kufe gula linamasi. Alikho icala.

Umnumzane uyena owethwala icala noma kone impahla yakhe,

90 noma kone izinja zakhe, noma kone aбantwana бakhe.

Ngoбa aбantwana бagangile. Kwesinye isikhathi бazokweбa imbuzi бayiбulale бayose endle бelusile. бayidle.

Kuzwakale. Uzoбaqhuбa uyise uma sekuzwakele kahle ukuthi yiбo. Aye naбo kumninimbuzi aye kozikhalela ngesono senziwe zingane.

Naye lomnumzane uzothetha ahahamuze izingane lezi. Uyise wezingane azishaye phambi komninimbuzi. Zihambe. бasale бona бoбoбili, бakhalelane бakhulume. бaxolelane. бangakhokhisani ngesóno sezingane.

Kwesinye isikhathi kusuke inkomo igwaze ingane yomuntu. Esuke uzts umnininkomo, agwaze inkomo yakhe. Ahambe aye kozikhalela kumzali womntwana ogwazwe yinkomo yakhe. бaxolelane.

Kokunye kusuke inkosikazi yakhe lomnumzane ixaбanise

91 aбafazi бomunye umuntu ngoбa niyazi, aбafazi ngamaxoko.

Sekuzofika icala lapha ekhaya lenziwe umkakhe lomuntu. Useбizwa usezwa ezwa. Useбona ukuthi indaбa imlingene. Useshweleza kumnumzane. Ukhala ngokuthi kamhike ithuбa ashaye inja yakhe (inja ngumfazi wakhe)

Nempela iyekwe indaбa. Ingaбe isedlulela phambili/. бayikhulume бona. Asole umkakhe. Kwesinye isikhathi athi kaye kuбo aye kolaywa.

Kwesinye isikhathi kusuka izinja zidle imbuzi kuzwakale.

Kwesuke umninizinja aye koshweleza kumninimpahla. Kushaywe izinja. бangakhokhisani бona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 297

6a6eqaphela kakhulu ukungaxatshaniswa yimpahla.. Lonke icala lethwalwa ngumnumzane-- umnini6antu ekhaya.

Uma umuntu elulekwa ngomunye kanti uyamyelisela

92 Ku6e sekulandela amashwa emva kweseluleko sakhe, kwaku6a yicala lalowo owelulekile. Kuthi-ke lapha 6e6onana khona, ishe induku.

Njengo6a uma kusuka insizwa ilayele enye insizwa intombi entle kanti lensizwa elayelwayo isijahe ukuthatha, kodwa itingakahlangani nentombi efaneleyo.

I6eseyithi-ke lensizwa elayelwa ngenye, "Cha, ngiyeneliswa yintombi leyo. Kuhle nawe ungikhonzele kuyo. Nami ngizoyeshela. Asiyikake yikhona izosheshe ivume, ingigane.

Kanti lomuntu ka esheleli umngani wakhe. Uyamnyundela. Uzeshelela yena. Ithi ithatha intombi i6e iqalisa imbangi imale lo o6ethi kakakiswe ethi uzoyithatha.

Uma sekuzwakele kahle konke ukwenza kwakhe, lapha 6eyo6onana khona nje, iyosha induku. Athi umthumi kumthunywa, "Kuthi kukanyoko, ngikuthuma ngithi ngeshelele kanti uyazeshelela utshelwa ngu6ani?"

93

100

Uma isihambi sifica umfana edlisa insimu yomuntu ngezinkomo, 6esimshaya simone. Kuphele ngaloko.

Isihambi 6esinomthwalo wokudla komuntu koniwa yimpahla ngo6a naso sizophambukela sikhuleke indawo yokulala, 6asenyulele.

KwaNgenetsheni, uCetshana wayehamba. Wafica izinkomo zitheleke ensimini yomuntu. Waziyeka kaze azikhipha. Waye sephambukela emuzini, ekhulekela ukudla nendawo yokulala. Wamthola umunmzane.

Kwase kuphakwa isinambathi enikwa lomuntu, loku u6e6ike nendlala. Okunye kwa6ekusaphekiwe.

Wathokoza wathatha wadla. Ithanga la6e lingushukela elali6onde lesinambathi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

ser 2s8z 297

Yaseyiqala iswa6uluka indoda ixoxa. Isi6ona ukuthi iyasinda. Ithe la isakhe kathathu yayixoxa inda6a yokuthi, "He!. Angazi ukuthi kuyosa ikhona yini insimu yaloyamuntu.

94 Ngedlule idliwa umhlambi wezinkomo ezingamashumi ama6ili. ziyolala phakathi leziyankomo ngo6a ngizo6one sekuntambama, kanti futhi a6antu a6a6aningi a6ahamba 6edlule ngakhona.

Wa6uza umnumzane ukuthi iyiphi leyonsimu. Wayesemlayela ukuthi yileyo ebhoxe kakhulu eseyivuthiwe phakathi kwamasimu akhephuzayo alapho egcakini ngaphesheya komfula.

Wayeseyi6ona umnumzane ukuthi ngeyakwakhe. Wayese6uza ethi: "Wazikhipha izinkomo yini?" Wathi "Cha, angizikhiphanga. Ngithe nazo akeziphungule. Ibhoxile leyansimu, 6o! Sengathi ingake idliwe yinkomo kakhulu kumbe kungap unguka ukudla kuloyamuntu, enga6e ngu6ani. Uzonotha.

Wasukuma uxxxx umnumzane wathatha imvu6u yakhe. Wamgaxa! Wamgaxa! Wathi, "Phuma la! Ucatanga uthi unga6ukela ukudla kwami nempahla? Phuma! Mthakathi!

Yesuka indoda ya6aleka. Wayiphekezela ngemvu6u wax waze wayiqedisa i6ala.

95 Yalala endle indoda. Yalala ingadlile, ilambile. Zinda6a zenhliziyo yayo embi.

101

Kuqala kwaku6a khona izindlela okwakungasahanjwa ngazo. Kuvimbe no6a yindlon lo, no6a yimamba.

Kwakuye kuthi isihambi lapha sifica izindlela zimbili si6uze ukuthi iyiphi indlela eya ko6ani? A6esemlayela-ke.

Kanti uma kungenzeka amlayele ka6i nga6omu, uzohamba qede umuntu afike ashaywe yindlondlo ekhanda awe pahnsi afe.

A6aku6o se6ezwile, 6azoya kovimbezela, 6am6ulale loyo olayele omunye ka6i.

102

Phela uma impahla idle amasimu, kuqala, kwakushaywa a6afana. Kuthi-ke njalo, uma zidle insimu yomuntu onolaka akhokhise.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser 297

Kwakuye kukhokhwe ngensimu engangalo lelohlanga elidliwe.

96 ku 966esekuthi umnikazi zinkomo yena a6uye nehlanga lelo. Adle izihundu zezinkomo zakhe.

Uma izinkomo sezidla umbila ezingotsheni, ku6a ku6i ka6i. Kukhulunywe ukuthi impahla ma ingayekwa ekhaya. Mayeluke. Umnini kudla aqinise ingo6o yakhe.

Kuthi noma se kugunyuziwe kwathelwa ezilulwini, izilulu zakhelwe izindlwana, ukuze zingahlali o6ala.

Kwesinye isikhathi udliwe umbila e6usuku la usathelwe inqwa6a e6aleni ukade uthuthwa ensimini.

Uma-ke umniniwo enolaka kuthi kusa a6e eziqhu6ile izinkomo wazi6eka ku6aninizo, a6 6shele 6aye kohlola. Uma se6ehlolile-ke a6a6shele athi, "Ngiyawufuna umbila wami. Wukhokheni."

Nembpela-ke uma ekhokhisa 6awukhokhe u6e ngangalowo odliwe zinkomo lezo. Kepha-ke izwe laliye lim6a6aze umuntu owenzenjalo. Li6a6aze ukuthi unenhliziyo embi. Kwazise

97 ukuthi 6a6elusa a6afana kuqala. Kwakuthi uma impahla yonile ku6e iphunyukile.

Kwakungafani nanamuhla lapha izwe sekwa6a ngela6elungu. Ungeke usayethusa ingane yomuntu uyi6ona ithele izinkomo ekudleni komuntu ngo6a umuntu usezothi nga u6ize imali wayeka ukushaya umntanami. Ngiya koku6opha enkantolo, ngo6a ushaye ingane yami. Manje seyiyagula.

Kwakungenjalo-ke izwe kusengelenkosi lonke, na6antu 6enga6enkosi. Izinto zonke eziyingozi 6ezikhulunywa zehlulelwe ngemfanelo.

Nezindlu uma zihlikizwe zinkomo, 6ekukhulunywa. Kushaywe a6afana 6okwelusa. A6a6shazwe othi, hamba uyo yisikela indlu yami uyefulele, ngo6a naye unayo impahla. Kayithumu ukuthi kayiye. ko kona izinto za6antu.

Izinkomo zazingazidli x izingu6o kuqala. Kodwa lezi ezasezithengwa eMabhunwini zase zizidla.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

98

Ukweɓa

103

Kwakuye kuthi uma kusuke aɓantu ɓazokweɓa noɓa zinkomo, noɓa zimbuzi, noɓa yizinja, noɓa zinkuku, amadoda afakane imilomo.

Kulandelwe amasondo. Uma zificwa emzini womuntu, xxyxx kuyavinjezelwa. Iyasha induku. ɓazhuɓe izinkomo ɓaɓuye nazo.

104

Kwesinye isikhathi amasondo angaɓonakali. &xx ɓesekuyiwa kobhula. Sifike sizisho isangoma.

105

Isela laledlulIswa. Kuthi lapho la leɓe khona, kume aɓantu ɓaɓaɓaze ɓathi Au! Au! Au! ɓesho ɓeshaya izandla. Kuthi uma ɓeɓona noɓa zinyawo zawo amasela, ɓacaphune inhlaɓathi yazo ɓayiweze umfula, ɓeɓaɓaza ɓeshaya izandla.

Lelo sela -ke lizokwedlula liheheke. Lihambe leɓa nje liya phambili.

99 Kwesinye isikhathi-ke ɓayikhe inhlaɓathi ɓayiyise enyangeni, imedlulise ngomuthi, lowo olisela.

106

Uma amadoda alahlekelwe zinkomo esezificile, afike asho ukuthi alande izinkomo zawo. Azikhombe. Noɓa nje kz kuzimbuzi, noɓa yizinja noɓa zinkuku zeɓiwe.

Amasela athi, "Ngezethu." ɓakhombe uphawu lwaɓo exakxxbxbxzkz ezilwaneni lezo.

Kwesinye isikhathi inkuku inqunywa uzwani; inja isikwe indleɓe; inkomo nayo iphawulwe noɓa ngomɓala wayo, noɓa kunqunywe uphondo, noɓa kusikwe umsila.

Kwesinye isikhathi kuthi noma amasela afike ayidla inkomo, umniniyo uyosiɓona isikhumba sayo, ngoɓa akwejwayelekile ukuɓa izinkomo ziɓesezifana ncwe.

107

Isela uma liɓanjiwe liyashaywa khona lapho. Kuthathwe izinkomo lezo elizeɓileyo kudliwe nezinkomo zalo eɓesezeluswe kanye nalezi zokweɓiwa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

100 Uma lifuna ukuzilanda limeme lizilande. Ku6e sekusuka impi-ke njengo6a nizwa isiga sithi "Izwe lafa ngempofana" nje.

Kodwa ngokomthetho, uma izinkomo zesela sezidliwe, lifisa uku6a zilandwe, yilo-ke okufuneka liye ko6ika enkosini yalo. Ukuze kuthi uma kusuka uchuku i6e yazi inkosi.

Loku uku6a liye ko6ika enkosini likuthatha kwa6aku6o ngo6a 6azohlangana 6akhulume 6a6one ukuthi kungenziwa njani.

La6a a6e6elweyo, 6azozidla qede 6azi6ike enkosini yaku6o. Uma ithanda inkosi iphake impi kuye kovinjezelwa. Kuthi uma 6engaqinile kudliwe nezinye. Zidlelwe inkosi.

Loku-ke kwenziwa uma izinkomo zakwenye inkosi ze6iwe ngumuntu wakwenye inkosi.

Łmkmkkzkzn Uma a6antu 6ankosi yinye 6e6elene, kuyakhulunywa.

101 Kuqale kuhlanganiswe amadoda khona ekhaya kuzwakale ingqondo yesela. No6a le6e ngokwedelela umninimpahla leyo; no6a le6e ngokuthanda inyama; no6a le6e ngokufuna kx ukuya kolo6ola ngazo yini.

Kuthi-ke uma isela lithamba liphendula ngokuzisola, amadoda alithethe icala, lingayi enkosini.

Zi6uyele kumninizo izinkomo eze6iwe; zishaywe ezokuhlawula ukwe6a. Ashweleze amadoda aku6o sela. Ingaze ya6a khona-ke impi uma kunjalo.

Uma isela li6onakala linamagama okwedelela, 6alishaye 6a6uye 6aye kolimangalela enkosini. Uma lilahlwa yicala, lidliwe izinkomo zalo, zihlawule lezi elize6ileyo, neziseleyo zidliwe yinkosi.

108

Uma isela lizintshontshe qede lasihla6a izinkomo, kanti ali6izwa ngankomo eix esi6ayeni, lizoshaywa ngo6a liyedelela. Lizozikhokha izinkomo lezo elizidlileyo.

102 Limise no6a yintombazana yalo ukuthi kuyothi ingenda zikhokhwe ngezinkomo ezoyilo6ola.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Manje-ke, u hlangana naye wayelindele kakhulu uku6ekwa u6ukhosi. Indlovukazi yase yenza u6uqili, ihlangene noDingane.

Yathi mhla imeme umhlangano woku6eka inkosi, ya6avusa ekuseni 6ahamba nezinduna qika kaka6ayi, 6azishiya eza6o, 6aya kogeza.

Za6e seziyaliwe lezinduna ukuthi, zi6onela ukum6ona nje ethi uyageza, zim6ambe zimgwilise ngekhanda, aze afe. Zimhudule zimgqi6e emhlangeni, 6esezizo6ika ingozi. Nempela zenzenjalo.

Loku-ke wakwenza nga6omu uMka6ayi, e6ona ukuthi 6azo6anga. Wa6ulala uMhlangana ngesinyenyela, nango6uqili, ngo6a emala. Wa6eka uDingane yedwa wa6a yinkosi. Kanti 6athi 6e6ulala uShaka 6a6ethi 6o6usa 6o6o6ili.

105 112

Owedelela induna, wedelela inkosi ngo6a induna ngeyenkosi. Owedelela inkosi usuke esezidelile. Owedelela isigijimi senkosi, usuke edelela inkosi. Owedelela izwi lifika nesikhulu esiphakanyiswe yinkosi, usuke edelele izwi lenkosi.

<u>Zonke</u> izigijimi ezifika ziphuma enkosini mazihlonishwe, zenziwe. Akukho muntu ongephula umthetho wenkosi ethembele ukuthi uzoke aye koyimangalela kweyakhe indawo.

Noma u6ani owenza enye yalezinto esezi6aliwe lapha ku 112, makafe. Makangaziphenduleli aze a6eke neza6a zakhe--ngo6a asikho ~~xxi~~ isa6a esingakwenza wedelele inkosi uphila. Ngakoke umuntu ongezwa waye6ulawa. Kuphela. Anganikwathu6a limbe.

113

Kwakuhlonishwa kuqala. Ukwedelela loku kufike na6elungu nje. 6azokuthi uma utshelwe into kwathiwa yenze, kusho umuntu
106 omkhulu, uma u6ona ukuthi ayilungile yiyeke, wedlule uye komangala.

Yayingekho inkantolo engale kwenkosi kuqala. Uma inkosi ithe yenza ukuthi, kwenze. Uma ungakwenzi uzokufa ngo6a uyedelela. Awunakuda6ula. Uzokufa. Wedelele inkosi. Ufuna ukuyi6ulala uma uyedelela. Ngakoke ngamafuphi yifa usheshe,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 297

Kucelwa umhlahlo enkosini, ivume. Ikhiphe noma amadoda ama6ili aya kozwela inkosi. Kuphume amadoda akuleso sifunda noma engamashumi amathathu.

Afike isangoma escibhodla, ngo6a naso 6esesizwile ukuthi 6akhona a6ezayo, A6esethi lamadoda, "Zinda6a zakho, mngoma."

Se6ezohlaliswa-ke endaweni ethile lapha kuzobhulelwa khona. 6esesivunula-ke isangoma. Sifaka iminqwambo yaso. Sithatha isiqunga sisilumo, sihlafuno. 6ese siphephetha isho6a laso, nasezandleni sikhwife. (Ngo6a phela isiqunga kwakungumuthi omkhulu wezangoma).

116 6esesiqala-ke sibhula sithi:- "Nize ngenda6a- a6antu 6athi yizwa! Kukhona umuntu ogulayo--yizwa-- uklwejelwe emnyango--yizwa mngoma! Ngumuntu wesilisa--Yizwa! Yizwa!
Ayi ngowesifazana 6o--Yizwa mngoma.
Uzonda uku6a ancishwa utshwala--Yizwa
Umklwebhele ngomd6be--yizwa
Sengathi ukhona lapha umthakathi--yizwa.
Au! Nangu ekhona 6o! Yizwa.
Sigxume kakhulu simshaye ngesho6a lenkonkoni emehlweni.
Kudume phansi izinduku emadodeni. Athi "Yizwa---!"

Usenukiwe-ke lowo. Izintatheli zenkosi sezizohamba-ke ziphuma lapha kwaSangoma, lapha kunukelwe khona umuntu. Ziqonde enkosini ziye ko6ika kuyo.

Izozwa izwe inkosi, iphake impi iye kovimbezela. Im6ulale umthakathi nomuzi wakhe wonke.

117

Isangoma simnuka ngokumshaya ngesho6a qede, simusho ukuthi ungoka6ani. Simusho nokuthi uthakatha ngemfene
117 no6a ngemoila; no6a ngemvukuzane; no6a ngomkhovu; no6a ngelumbo lensingizi; no6a ngesikhova; no6a ngomhlangwe; no6a ngesambane.

118

Umuntu 6a6eye 6amsolo nje ngezenzo zakhe, 6a6e se6enyenya 6eya komuzwa.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uthe esenza nje, yaphuma impisi yaphulukundlela. Yawathela ngohudo amadoda notshwala yasho emnyango--kude kude ehlathini la ihlala khona.

Nomniniyo washo pahndle ngeju6ane wayilandela.

Ahamba amadoda aya ko6ika enkosini. Inkosi yaphaka impi ukuyovimbezela ngo6usuku o6ulandelayo. 6athi 6efika ngaleso sikhathi 6ethi 6azovimbezela, 6afika sekukhala ibhungane. A6amazi nokuthi wa6aleka washonaphi.

119

Uma umuntu se6em6onile ukuthi uyathakatha, 6a6emjoja. Kwesinye isikhathi umuntu agule, Kubhulwe. Kuzwakale ukuthi kanti uthakathwa ngu6ani. Anukwe yisangoma.

Ku6esekusuka a6anumzane 6eya ko6ika enkosini ukuthi nguye u6ani lo onukwa yisangoma ukuthi uthakatha kithi.

125 Inkosi ithi "Hambani nim6ulale nimlahle."

Nempela-ke 6afike 6athathe izagila 6amphohloze 6amlahle adliwe ngamanqe. Uyaqala efa lo ogulayo, umthakathi kade e6ulewe.

120

Kanikwa thu6a lokuphenduka umthakathi. Futhi kaziphenduleli. Uma nje esenukiwe unukiwe. Uya6ulawa kuphela. Kathethelelwa.

121

Uma umthakathi ese6ulewe, kuye kuthi a6afana 6akhe uma 6e6akhulu 6a6ulawe. Uma 6e6ancane 6ayiswe ngenhla esigodlweni, 6aye ko6azigqili khona. Amantombazana enyuswe nawo aye ko6a zigqili. A6afazi. kwesinye isikhathi 6 ye ko6a zigqili na6o, kwesinye x isikhathi 6a6ula e.

Izinkomo zakhe zidliwe zidlelwe inkosi. Izimbuzi nayo yonke nje imfuyo yomthakathi idliwa yinkosi.

122

Uma nje umuntu eseke wanukwa, usuke efile. Kanti

126 kwesinye isikhathi umuntu 6ayamqmbela. Noko-ke kunjalo, inkosi, yayizwa ngandle6enye. Yayithi ingatshelwa njalo ukuthi umuntu uyathakatha, inga6e isa6uza kuye ukuthi nempela uyathakatha na? Esikhundleni soku6a i6uze izwe iza6a

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 297

Q6 cont zomthakathi, yayisuke iphake impi iye komvimbezela kuphela.

Into nje kwakuye kuthi uma umuntu ezizwele yena ukuthi kukhona umuntu ozama ukuyomhlala enkosini, esuke ahlome izinduku zakhe aye komshaya. Amshaye emбuza ukuthi usho kuбani ukuthi uyathakatha? Wake wangiбona ngiбulala бani? Ufuna ukungiбulalisa ngenkosi? Uyanginuka?"

Amshaye, amshaye, kungaбi ndaбa zalutho.

Uma-ke eбengakayi enkosini esakhuluma ngomlomo, nje, angaбe esaya komotha, kokunye. Aбeseyesaбa ukuthi usezwakele.

Iyaphela lapha.

END S. 297

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.